**UMZUMBE MUNICIPALITY**
**UMASIPALA WASEMZUMBE**

C/o P.O. Box 561
HIBBERDENE
4220

Tel: c/o 039 972 0005
Fax: c/o 039 972 0099
E-mail: sabelo@umzumbe.gov.za

**OFFICE OF THE MAYOR**

---

Somlomo Khansela Shozi ngiyabonga ithuba

Ngikhuleke emakhosini aseNdlunkulu

Sekela Meya Khansela Cele

Amakhansela wonke ngokwezihlalo zawo

Abasebenzi likaMasipala beholwa uBaba uCele

Wonke umuntu waseMzumbe

Izinhlaka zonke ngiyazibingelela

Sanibonani

Somlomo ngethula le budget ngesikhathi esinzima ezweni lonke nasemhlabeni wonke ngenxa ye gciwane icorona noma I COVID 19. Umhlaba wonke uyanyakaza ngenxa yalenkinga. Sizwile uMongameli wezwe ubaba uCyril Ramaphosa ebika ezweni ukuthi izwe lehlela ku level 3 okusho ukuxegiswa kwemigomo ye lockdown.

Noma kunjalo lokho akusho ukuthi ilockdown iphelile kodwa ukuxegisa ukuze umnotho ungalimali ngaphezu kwalokhu osekwenzekile.

Umthelela okhona emnothweni mukhulu kakhulu nokudala ukuthi sonke kumele sibophe amabhande ukuze siqiniseke ukuthi lebhajethi iya lakumele iye khona, ekushintsheni izimpilo zabantu. Angisho ukuthi emuva kweCOVID 19 kuningi okushintshile nokusazoshintsha ezweni nokuzoba nomthelela nasebhajetheni kwethu kuya phambili.

Singene kulesikhathi esikusona vele umnotho wezwe uzikile namathuba emisebenzi elahlekile. Inkinga yamanzi, izindlu, imigaqo, amathuba emsebenzi, indlala kanye nogesi kusazoba inkinga yawowonke umuntu waseMzumbe. Ukuhlala kwabasebenzi emakhaya kwenze kwama konke nokungadala ulaka kubantu bakithi. Noma kunjalo siyacela umphakathi wakithi usibekezelele.

Uma sithula le budget sizoqaphela ukuthi abantu baseMzumbe basengaphansi kwengcindezi yobubha kanti nomasipala uyilenhlobo encike emalini eqhamuka kuhulumeni kazwelonke. Lokho kudalwa ukuthi asinazo izindawo ezinjengamadolobha lapho singakwazi khona ukuqoqa ama rates. Kuleminyaka emibili edlule lemali ilokhu yehla ngenxa yonotho ontengayo ezweni lonke.

Lokho kusinikeza inselelo ukuthi sisebenze kanzima ukuthi sigcine sinazo izindawo lapho siqoqa khona imali ukuze sithuthukise uMzumbe. Iqininiso ukuthi sinenkinga yemigaqo yethu emibi ikakhulu ngezikhathi zasehlobo ngenxa yezimvula. Uma kuthiwa kuya ngokwethu ngabe yonke imigaqo yethu imnyama. Imali ayikho noma isifiso sikhona.

Ekuqaleni konyaka sihlanganile kwi strategic planning eThekwini lapho iminyango yethu yenze khona izethulo zama projethi. Noma ayebukeka emahle kodwa imali engekho yenza sigcine singakwazi ukuwenza wonke. Izidingo zomphakathi ezifaka imigaqo, amathuba osomabhizinisi, abantu abasha,omama nezinye ziba ziningi bese kuthi imali ibencane.

Somlomo esinye seziphakamiso esavela kwi strat plan kwaba ukuthi sekuyisikhathi lapho kumele sihambe khona singqongqoza nakuhulumeni wesifundazwe, okazwelonke kanye ne private sector ukuze sicele izimali zokulungisa ingqalasizinda yethu.

Ngaphandle kokuchitha isikhathi Speaker angiye kuwona amazwibela e draft budget ngethemba lokuthi amakhansela abhekile iminingwane yonke ngeso elibanzi. Njengoba ngishilo umasipala waseMzumbe uncike kakhulu kwimali oyithola kuhulumeni kazwelonke. Imali ebekelwe ukuthi umasipala ukwazi ukusebenza nsukuzonke iwu R186 million, kube I R197 million bese

kuba yi R205 million ihamba ngokweminyaka emithathu elandelanayo eveza uhlelo lokusebenza kukahulumeni osezintanjeni njengamanje.

Imali eyinzuzo yotshalomali lwethu kulebhajethi R19 million kunyaka ka 2020/2021 kanti kubukeka izoba u R22 million eminyakeni emithathu ezayo. Ukudayiswa kwezincwadi zezicelo zamathenda, ukuqashwa kwamahholo kanye nenye imali iwu R848,000 bese imali yamarates amancane esiwaqoqile iwu R7,5 million.

Imali yengqalasizinda iwu R106 million evela kwimali enikezwa omasipala ukwenza ingqalasizinda ebizwa ngeMIG.

Somlomo emva kokuphasisa idraft budget sibe sesisebenzisa imisakazo, ufacebook, izinhlaka ezifana namakhosi, ama ward committee, izinhlaka zentsha, amasonto, osomatekisi, abantu abadala, namanye amaforums ukuqiniseka ukuthi bonke basika elijikayo kulebudget. Angisho ukuthi okuningi sikubhekile ngaphambi kokukhipha lebhajethi. Okuningi siphinde sakuqondanisa nombono kahulumeni kazwelonke oholwa ubaba uRmaphosa othi konke esikwenzayo akuqhube iSouth Africa iye phambili. Okokugcina uma iCouncil isiyiphasisile izofakwa kwi website kamasipala, iphinde itholakale kwizindawo ezizohlonzwa ukuze umphakathi uyazi futhi uqhubeke nokubeka imibono yawo eyolekelela naseminyakeni elandelayo.

Somlomo ngivumele ngethule i-budget yonyaka ka 2020/2021 kuMkhandlu ukuthi uyiphasise

Ngiyabonga.

COUNCILLOR Ms. M.P.L. ZUNGU

MAYOR

UMZUMBE MUNICPALITY